**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LOKWAKHIWA KWEBHULOHO IKHOMFINI PHAKATHI KOMSINGA NENKANDLA MHLAKA 16 FEBRUARY 2016**

- Mphathi wohlelo;
- Nkosi yesizwe;
- AmaKhosi aseNdlunkulu akhona;
- Amalungu esiShayamthetho akhona;
- IziMeya zomasipala abathintekayo okuyiNkandla noMsinga;
- Amakhansela;
- Izinduna namakhosi;
- Ubuholi bezinhlaka zonke ezikhona emphakathini nesisebenzisana nazo eMnyangweni ezihlanganisa uSANTACO, iPTPA, iCPF, iCCPA, amaRRTF kanye nama CRSC;
- Abasebenzi beminyango kaHulumeni ngokwehlukana kwayo;
- Bese ngithi emphakathini wonke waseNkandla naseMsinga ngiyanibingelela.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, kuyintokozo ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuzokhuluma nani lapha ngezinhlelo zokulekelela imiphakathi yakule ndawo ukuthi nayo ibe nempilo engcono.

Ngaphambi kokuba ngichaze ngalezi zinhlelo, ngifisa ukusho ukuthi lapho ngihamba khona ngemicimbi yalolu hlobo ngihlale ngibonga ukubona abantu bakithi besibekezelela kulezo zindawo ezingakayitholi intuthuko yengqalasizinda.

Ngiyaye ngikusho futhi ukuthi enye yezinselelo esibhekene nazo ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kakhulu kanti sinezindawo eziningi ikakhulukazi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo.

Siyazi-ke ukuthi umgwaqo yiwona ongumgogodla wokulethwa kwentuthuko ngoba konke okunye okuyizinsiza emphakathini kuncike ekutheni kuyahambeka yini ukuze abantu bafinyelele kuzona.

Isisekelo sentuthuko ngukuba abantu babe nomgwaqo, amanzi nogesi. Konke okunye kuba lula uma usunalezi zinto zengqalasizinda.

Namhlanje kunabantu abaningi okungebona abalapha kule ndawo abavuleke amehlo ngokuza lapha babona ukuthi ngempela phezu kokuba kukuningi esesikwenzile njengoHulumeni, kodwa kuningi futhi okusamele sikwenze.

Siyazi futhi phela ukuthi lo hulumeni wesifundazwe oholwa nguKhongolose wake wathi ukulibaziseka ngenxa yokuthi kuningi okudingeke uqale ukuhlele ngesikhathi uthatha izintambo ngo-2004, okuyiwona nyaka enasinika ngawo igunya lokuhola lapha KwaZulu-Natal.

Thina nje lapha eMnyangweni wezokuThutha saze saba nohlelo lokulekelela omasipala abangenawo amandla okuzakhela imigwaqo engenela ezindaweni zemiphakathi, ama-access road, njengakhona lapha eNkandla naseMsinga.

Lokhu sasikwenza ngoba singuHulumeni olwaziyo usizi lwabantu bakithi, ngakhoke sasingeke silokhu sithi mababheke kumasipala wabo uma wona ungakakulungeli ukubalethela leyo ntuthuko.

Namhlanje imiphakathi eminingi eneqiniso iyaye iphumele obala isho ukuthi ngempela impilo seyaba ngcono njengoba isikwazi ukufinyelela emitholampilo nasezikoleni nakwezinye izindawo zosizo ngenxa yale migwaqo eyakhiwa yilo Mnyango.

Iyaye iphumele obala ithi isiyabona ukuthi wayeqinisile uHulumeni kaKhongolose ngonyaka ka-2005 uma uthi iNkandla noMsinga kumele zibekwe eqhulwini, njengoba kwakuvelile ukuthi lezi zindawo zisalele emuva kakhulu ngentuthuko futhi zihamba phambili ngobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

Yingakho-ke kufanele namhlanje ukuba sithi siyawubongela umphakathi wangapha nganeno kweseNkosi uNtuli nangaphesheya emaBomvini ngokuthi sesize safika isikhathi sokuba uzwe lokho nabanye asebakuzwa ngenxa kahulumeni wabo wentando yabantu.

Njengamanje sesilihlabile isoyi eliwuphawu lokuthi usuyaqala umsebenzi wokwakhiwa kwebhuloho iKhomfini.
Lokhu akusona nje isithembiso njengoba inkontileka esiyinike lo msebenzi ibisilinde lo mcimbi bese iyaqala ngokusemthethweni. Imali esiyifake kulo msebenzi ingu-R53.751 million.

Kuhlale kusithokozisa futhi ukuthi lezi zinhlelo zentuthuko ziletha namathuba emisebenzi nokudliliselwa kwamakhona kubantu bendawo esuke ithuthukiswa.

La mathuba esisuke sikhuluma ngawo, yebo wona angawesikhashana, kodwa njengoba ngisho nje ayalekelela ukucija abantu ngamakhono nesipiliyoni ukuze basizakale baqasheke nakwezinye izindawo.

Siyazi futhi ukuthi basuke bebaningi abantu abadinga la mathuba kodwa ngenxa yokuthi kusuke kunesibalo esikaliwe, asikwazi ukuthatha wonke umuntu ngesikhathi esisodwa.

Kodwa siyabonga ukuthi imiphakathi yakithi iyakuqonda ukuthi ziseningi kakhulu izinselelelo esibhekene nazo.

Inkinga yezomnotho nokuntuleka kwemisebenzi yinto ekhungethe umhlaba wonke kulezi zinsuku. Akudingi abantu bakithi baze badlale osomathuba kwezepolitiki ababatshela into engekho.

Thina njengoHulumeni, hhayi nje kulo Mnyango wezokuThutha kuphela, siyaye sigcizelele ikakhulukazi kubaholi ukuthi phela makungakhethwa iphela emasini uma sekukhishwa leyo misebenzi. Akekho umuntu okumele abuzwe ukuthi ukuliphi iqembu lepolitiki ukuze athole umsebenzi.
Njengoba sisho ukuthi leli bhuloho lizosiza ukuxhumanisa imiphakathi owaseMsinga nowaseNkandla, lizokwenza lula ukufinyelela eBizimali School, Engcuba School, Novanzi JP School, Dinuntuli Primary School, Magogo Primary School, Nomafu High School, Esimanyama Primary School, Emakhwabe School naseMfongosi Provincial Clinic.

Njengoba ngike ngasho kukhona abashoyo emiphakathini ukuthi ngempela sebeyakubona ukukhanya, le project esize ngayo namhlanje iyingxenye yamanye amaningi esiwaqedile namanye esiwakhayo kanjalo nesisazowakha lapha oThungulu iNkandla engaphansi kwalo.

Phakathi kwawo singabala nje:
- U-P15 osuka eKranskop esiwakhe ngo-R313 million;
- U-P50 onqamula ehlathini laseNkandla esiwakhe ngo-R308.4 million;
- Ibhuloho lezinyawo Ekulangazeni emfuleni iNsuze ngo-R3.5 million;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni iMposa ngo-R1 million;
- Ibhuloho lezimoto emfuleni iNsuze eMkhabeleni ngo-R5 million;
- Ibhuloho lezimoto emfuleni iNsuze futhi ku-P90 phakathi kweNkandla naseQhudeni esilakhe ngo-R15 million;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni Umhlathuze eMthonjaneni ngo-R5 million;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni iMvamanzi KwaMbonambi ngo-R3.1 million;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni Amateku eMlalazi ngo-R2 million;
- Bese kuba u-P496 (John Ross Highway) phakathi kweMpangeni neRichards Bay. Lo mgwaqo ungu-15 km kuphela kodwa siwakhe ngo-R1.1 billion. Lokhu kudalwe wumsebenzi obekudingeka wenziwe khona ohlanganisa nebhuloho elingelinye lamakhulu uma kungelona lodwa e-Afrika yonke.

Maningi futhi ama-project esiqhubekayo nokuwakha njengoba sikhuluma namhlanje esingabala kuwona:
- U-P16 osuka eKranskop uye eNquthu udlula lapha eNkandla esifake kuwona ngaphezulu kuka-R3 billion. Lo mgwaqo mude kakhulu, okusho ukuthi uzothatha isikhashana eside impela ukuba uphothulwe okungaphezulu kweminyaka eyishumi;
- Ibhuloho emfuleni uThukela eTulwane esilakha ngo-R40 million. Lapha umsebenzi usuyaqhubeka futhi njengoba kuke kwadingeka siyimise inkontileka ebisebenza phambilini ngenxa yokungabonakali kwenqubekela phambili emsebenzini wayo;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni iMadiyana elingu-R1.69 million. Kuleli bhuloho umsebenzi onguhhafu sewenziwe kodwa inkontileka esebenza khona ishiyile ngezizathu zayo okumanje sisaphothula imigudu elandelwayo yokuyimisa ngokomthetho emsebenzini;
- U-P 230 phakathi kweMpangeni neShowe ngo-R312 million;
- U-P499 KwaMbonambi ngo-R141 million;

- U-P232 KwaSokhulu eRichards Bay ngo-R233 million. Lo mgwaqo siwakha ngokubambisana nenkampani yemayini iRichards Bay Mineral (RBM) esebenza kulowa mphakathi, efake u-R30 million;
- U-D887 KwaDube eRichards Bay ngo-R145 million;
- Amabhuloho elezinyawo nelezimoto eMfule eNtambanana esiwakha ngo-R3.8 million no-R31 million ngokulandelana;
- Kanye no-P494 KwaMthethwa eRichards Bay esiwakha ngo-R182 million.

Amanye esesihlele ukuwaqalisa maduze nje:

- U-P90 phakathi kweNkandla naseQhudeni esizowakha ngo-R168 million;
- U-D135 kusuka eMatikulu kuya eMpushini eMlalazi esizofaka kuwona u-R185 million;
- Bese kuba u-D883 eNdulinde ozodla u-R208 million. Lo mgwaqo uhlanganisa izifunda ezimbili okuyiLembe noThungulu.

Ngoba lapha sihlangene nomphakathi waseMsinga futhi, singasale sesisho nje ukuthi sisohlelweni lokwakha umgwaqo wetiyela u-L 1864 ku-Ward 13 eNkosini yamaBomvu. Lo mgwaqo uzoxhumanisa u-P17 no-P16-2 okuyimigwaqo engaphansi koMsinga neNkandla.

Ibalelwa ku-R151 million imali esizoyifaka kulo mgwaqo ongu-11.2 km ubude. Ukwakhiwa kwawo silindele ukuba kuqale ngekota yesithathu yalo nyaka wezimali esiya kuwona ka-2016/17.

Sizama ngokusemandleni minyaka yonke ukufinyelela ezindaweni zonke nakuba isimo sebhajethi sibuye sisiphikise ngoba imigwaqo namabhuloho esikhuluma ngako lapha kubiza kakhulu ukukwakha.

Imali esabelwa yona incane kakhulu uma uqhathanisa negebe elikhona njengamanje.

Kukhona amabhuloho nemigwaqo ekade yaba sezinhlelweni zethu, bese kubakhona lokho okuqhamuka minyaka yonke ngenxa yokwanda kwabantu abasuke sebehlala ezindaweni ezithile sebedinga ukufinyelela ezikoleni nasemakliniki.

Uma sibheka isifunda sasoThungulu sonke nje, imali esiyihlelele imisebenzi emikhulu yengqalasizinda kulo nyaka esibheke kuwona ingu-R780 million.

Ngaphezu kwaleyo mali kukhona engu-R278 million esiyihlelele ukwakha nokulungisa imigwaqo engike ngakhuluma ngayo engama-access road komasipala balapha kulo nyaka wezimali ozayo.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngifisa ukudlula kule ndaba yokuthi njengoba sibheke okhethweni lohulumeni basekhaya kulo nyaka, makuvunguze umoya wokuthula noxolo uma sekukhankaswa.

Siyazi ukuthi indawo yaseNkandla ingenye yalezo ukuncintisana kwamaqembu okusezingeni eliphezulu njengoba abavoti bakhona besahluleka ukucacisa udede ukuthi bafuna uMkhandlu uphathwe ngubani ngokugcwele.
Njengoba noMongameli wezwe uMhlonishwa uJacob Zuma eshilo enkulumweni yesizwe ngoLwesine olwedlule, nathi siyaninxusa nonke enineminyaka engaphezulu kuka-18 ubudala ukuba nibhalisele ukuvota ngempelasonto yomhlaka 5 no 6 kuMarch 2016.
Lokhu ngikusho ngingasabi ngoba angizile ukuzokhankasa kodwa yingoba kumele sinigqugquzele njengengxenye yentando yeningi ukuthi nibambe iqhaza ezinhlelweni zokubuswa kwezwe futhi kumele nilisebenzise ilungelo lenu lokuvota elalwelwa kanzima.

Ngakho ke kumele niphume ngobuningi benu ukuze kube yinina eninquma ukuthi ezindaweni niphathwa ngobani abanjani futhi enizokwazi ukubathemba.

Ngalawo mazwi sithi siyabonga ukuziphatha kwenu, sengathi singaqhubeka sihloniphane, sinakekelane ukuze sibe yisizwe esithuthukayo. Masiphephe nasezingozini zomgwaqo size sibonane kukuhle nangokuzayo.

**Ngiyabonga**